

Izinambuzane ezivamise ukwenza umonakalo emobeni

Intothoviyane



Izimbungulu zomoba



Izintwala zomoba




Isibungu sopayi/itashi




Izintwala zommbila eziba semobeni



Isihlava



Isibungu i-Army worm



I-Sesamia



Umuhlwa



Ithuku



Imisundu emincane



Isihlava


Sitholakala kuphi?

- Ikakhulukazi ezindaweni ezifudumele ezigudle ugu.
- Kuzozonke isigaba nezikhathi zokukhula komoba.
- Emobeni okhahlamezekile.



Umonakalo:

- Singena ogoqweni lomoba
- Singalimaza sonke isitshalo



Yini ongayenza?

- Hlola umoba ozowuhlahla ngonyaka olandelayo
- Hlahla ngokushesha umoba onesihlava
- Ukuphunda umoba ngaphambi kokuhlahla
- Hlahla umoba ungakashiywa yisikhathi.
- Faka isikhuthazakhaba ngokulandelel izincomo zemiphumela yenhlabathi (FAS).
- Ungadluliseli umoba omdala noma okhahlamezekile kwisizini elandelayo.
- Tshala uhlobo lomoba olukwazi ukumelana nesihlava.
- Tshala kuphela imbewu ehloliwe.



I-Sesamia

- ♦ Isibungu esiphehla umoba esifana nesihlava
- ♦ Senza umonakalo omncane kunesihlava



Umehluko phakathi kweSihlava ne-Sesamia

I-Sesamia	Isihlava
Iwudla kancane umoba	Siwudla kakhulu umoba
Iyaphuza ukugoqana uma uyithinta	Siyashesha ukugoqana uma uyithinta
Ayikwazi ukuhamba ihlehle uma uyithinta ikhanda	Siyakwazi ukuhamba sihlehle uma uyithinta ikhanda
Ayinabo ubulwembu	Sinolwembu
I- Pink	Sisampunga sakuba mnyama ngombala
Ihlasela ingaphezulu lomoba	Sihlasela ingezansi lomoba



Isibungu sopayi noma setashi

Sitholakala kuphi?

- Invamisa siba ensimini engashiswanga
- Ngesikhathi sokuhlahla (Nhlaba kuya kuL wezi)
- Ebusuku sidla amaqabunga omoba osemncane
- Emini ngaphansi kopayi noma itashi

Umonakalo:

- Kungalahleka isivuno esingase sibe wu-17tc/ha uma izinambuzane ziziningi kakhulu
- Isitshalo sizobuye sikhule ngokuhamba kwesikhathi

Ukuvikela

- Ukuvikela ngokwemvelo: nge-fungi, izimpukane neminyovu enobuthi, izinyoni, izintuthwane, izicabucabu nokunye.
- Ukusetshenziswa kwezibulala zinambuzane
AKUNCONYIWE



Izintwala zomoba

- Ziyizinambuzane ezincane ezinemizimba ezacile nezimpaphe ezilula.
- Ezindala zibansundu ngokweqile noma zibemnyama (1mm ubude).
- Isibungu siba phuzi sibe namehlo abomvu.



Zitholakala kuphi?

- Phakathi kwiqabunga elingakavuleki, uzithola ngokulivula.
- Zitholakala unyaka wonke, zivamise kakhulu phakathi kukaMfumfu noNdasa.



Umonakalo:

- Zimunca imisoco emaqabungeni omoba
- Amaqabunga ayabophana, ome aphinde agoqane
- Zidala umbala ophuzi sakuba mhlophe emaqabungeni avulekile.

Ukuvikela:

- Faka isibulala-zinambuzane uma utshala.
- Ehlumeleni, futha emaqabungeni ngesibulala-zinambuzane.
- Gwema ukutshala umoba ozohlahlwa ekupheleni kwesikhathi sokuvuna.

Ithuku



Linjani?

- ◆ Isibungu simise okwesikela, isibungu esimhloshana noma esimpunga.

Litholakala kuphi?

- Ezimpandeni zomoba
- Livamise ukubonakala ngoNhlolanja kuya kuNcwaba.

Umonakalo

- Lidla izimpande zomoba
- Isitshalo asikhuli kahle sibe namaqabunga aphuzi.



Ukuvikela

- Ukuvikela akulula ngoba liphila emhlabathini
- Ukuvikela ngokwemvelo (I-fungi kanye nezinambuzane ezisemhlabathini ezidla amathuku) akuthembekile
- Izibulala-zinambuzane kufanele zichelwe ngqo esibungwini, lokhu akulula ehlumeleni
- Izibulala - zinambuzane **AZINCONYIWE.**

Umuhlwa

- Awuvamisile ukudala umonakalo emobeni
- Umonakalo uvamise ukuba setshalweni, ngesikhathi sesomiso, emhlabathini oyihlabathi lapho umuhlwa ufuna ukuthola umswakama.

Ukuvikela

- Ayikho indlela enconyiwe okwamanje
- Ukuqala kwezimvula kuyasiza

Yini okumele uyenze

- Tshala kabusha izindawo ezidliwe



Imisundu emincane edla izimpande

- Thumela isampula lomhlabathi nezimpande kwa-SASRI ukuze bakuhlulele ukuthi awunayo yini lemisundu edala umonakalo.
- Lena yimisundu emincane etholakala es'hlabathini (onobumba olungaphansi kwamaphesenti ayi - 6).
- Ayibonakali ngamehlo enyama.

Yini okumele uyenze?

- Tshala uhlobo lomoba olungahlaseleki kalula.
- Sebenzisa amadaka noma umquba ngenkathi utshala.

Umonakalo

- Ihlasela izimpande zomoba izenze zibe mfishane bese ziyavuvukala.

Izimpawu eziye zibonakale yilezi:

- Umoba ongalingani, obhashile namaxhantela angemahle kanye namaqabunga acijile kwasameva.

Ukuvikela ➤ Sebenzisa izibulala-zinambuzane (Nematicide)

